# UTWA LUBIZANA NOTWA

Awukho uMoya oNgcwele ombili. Lokho yi. . .Futhi lowo oNgcwele ofanayo waholela uSimeyoni, ngalobobusuku, noma ngalokhokusa, kuKristu, uniholele lapha kulobubusuku, ngoba niyasikholwa isithembiso sikaMoya oNgcwele. Futhi Ubophezelekile nje kini njengoba Wayenjalo kuSimeyoni, ofanayo, ngoba UnguNkulunkulu, futhi Ufanele aligcine iZwi laKhe.

Sengathi ngiyambona-ke uSimeyoni, walangazelela, wafisa ukubona uKristu. Wakholwa okwakushiwo yiZwi likaNkulunkulu kuye. Kungenandaba ukuthi abasoli bathini, walikholwa iZwi likaNkulunkulu. Kwakukhona ukulangazelela enhliziyweni yakhe ukubona uKristu, futhi wakholwa ukuthi wayezombona. Njengoba uDavide wathi, "Uma utwa lubizana noTwa."

Abaningi benu phakathi lapha bayakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Niyakholelwa na? Niyakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sona impela isizathu sokuthi nikholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu, kufakazisa ukuthi kukhona ukuphulukisa kukaNkulunkulu.

Lapho sifika eMelika, sathola iNdiya elingumMelika. Lalikhonza okuthize, ilanga, inyanga, imvelo. Ngoba, kulo, liyisidalwa esingumuntu, futhi liyazi ukuthi lalinomenzi, ngakho kwakukhona okuthize phakathi kwenhliziyo yalo yobuntu okwakubiza ukukhonza.

Kukuwo wonke umuntu ozofa. Ungahle ukhonze imoto yakho, umsebenzi wakho, indlu yakho, noma okuthize; uyokhonza okuthize. Ngakho, uma kukhona noma yisiphi isithombe esikhonzwayo, sikhiphe futhi uvumele uJesu Kristu abe nendawo yokuqala. Mvumele abe ngowokuqala kukho konke.

Bese, kuba ukulamba, utwa. Njengoba kwasho uDavide,

> *Uma utwa lubizana notwa ekuhlokomeni kwezimpophoma zakho:. . .*

Manje, "utwa libiza uTwa." Isibonelo nje, lokhu, uma kukhona utwa phakathi lapha, lubiza, kufanele kubekhona utwa oluzosabela kulolobizo.

Mhlawumbe ngizozenza ngicace qobo lwami, njengalokhu. Ngingumthandi omkhulu wemvelo. Futhi ngiya emahlathini, ngiqaphele ukushona kwelanga. Ngizwa ukukhala kwezilwane zasendle. Umama uyiNdiya ingxenye, ngakho ku. . .Kukhona okuthize ngakho, egazini lami, ukuthi ngi—ngiyayithanda

imvelo. Futhi uma ngizwa ukubiza endle, kukhona okuthize okuvuthisa umphefumulo wami. Angikwazi ukuzibamba.

Lapha, maduze nje, ngangiphezulu eColorado. Futhi ngangimi phezulu entabeni, futhi ngangiqaphele ukhozi oludala olungumama lapho lukhipha abantwana balo esidlekeni, futhi besemaphikweni alo, futhi labahlalisa phansi edlelweni elinotshani. Lwase-ke lundiza lubuyela emuva phezulu esiqongweni, esiqongweni impela sedwala eliphakeme kunawo onke olwalungafinyelela kulo, lwase luhlala phansi. Lwaqala ukuqaphela. Awu, ngangiqaphele, ngezibonisa-kude zami. Ihhashi lami lalihhakwe esihlahleni. Futhi ngangiqaphele. Futhi ngathi, "Nkosi, ngi—ngiyakuthanda lokhu." Futhi kimi kwakubonakala sengathi ngangingahogela ngisho . . .

Uma wake waba ngasesidlekeni sokhozi. Futhi zisenza ngezinti ezicijile nezinto. Nalezozinkozi-ndini ezincane kwakuhamba nje kulezozinti nameva, zazingazi lutho neze olunye. Kodwa ngelinye ilanga umama welula amaphiko akhe, futhi zagibela emaphikweni futhi zehlela phansi.

Manje, ngababuka labobafo abancane, futhi nje babene—nemvuselelo yepentekoste. Babegijigijima kulobo-tshani obuthambile, becosha lapha nje, futhi betshiyoza bodwa, futhi begxumelana, bekhululeke ngempela.

Ngacabanga, "Awu, kulungile lokho. Manje, lapho kunjengomuntu esidlekeni esidala sezwe, engazi lutho kuphela kuyilokho uDeveli angamnika khona. Kodwa ngelinye ilanga uNkulunkulu uyamcaphuna futhi amhlalise phansi edlelweni eliluhlaza elinomthunzi. O, ujabula kanjani! Ukhululekile. Akukho lutho, akukho kulimala."

Ngacabanga, "Awu, abesabi ngani labobafo abancane na? Angazi noma bayazi yini ukuthi kukhona uhlobo lwamankentshane ngapho, azobacosha na?" Kodwa njalo ngesikhashana babebuka phezulu. Nomama omdala wayehlezi phezulu lapho ebaqaphile.

Ngacabanga, "Awu, akabongwe uNkulunkulu! Kunjalo. Ungikhiphile esidlekeni sezwe. Futhi Wakhwela ezingangeni zaseNkazimulweni, ehlezi Phezulu, eqaphele ifa laKhe, ukubona ukuthi akuzi lutho olulimazayo." Ngacabanga, "Uma uhlobo lwenkentshane belungaqala ukuza ngakolulodwa lwalezo zinkozi ezincane, ubezolibhonya life." Ngacabanga, "Kunjalo. USathane ake athathe ikholwa, futhi linoJesu Kristu ezandleni zalo. Kunjalo. Yebo. Ake athathe . . . " Emva kwesikhashana . . .

Wayeqaphile; elakhe elikhulu, ikhanda elinobukhosi liqalaza. Wayesedwaleni eliphakeme kunawo onke ayengalithola, ngoba wayekwazi ukubona ndawo zonke. Amehlo akhe okhozi abukhali, eqaphile. Futhi emva kwesikhashana, ngambona ephakamisa ikhanda lakhe. Ngesibonisa-kude sami

esinamandla ayishumi, ngambona ephakamisa ikhanda lakhe futhi eqalaza. Wayeshaya umoya. Ngacabanga, "Kuyini?"

Le emuva enyakatho, yaqala inyakatho. Izulu laduma.

Wakhala kakhulu, futhi wehla waya lapho.

Welula lawomaphiko amakhulu, waze wayofika kuleyonkangala enotshani. Futhi yilolo nalolo lwalezozinkozi ezincane lwagijima lwagibela masinya impela; zaziyaliwe, mhlawumbe, zingakasuki esidlekeni. Zanombela ngezinyawana zazo ezimpapheni. Zabhekisa imilonyana phansi, imilonyana yezinyoni, zawuhhuka ezimpapheni. Futhi waphakama, nalesosigejane sezinkozi emaphikweni akhe, futhi wahamba waqonda ngqo, edabula lowomoya, usuvunguza cishe amamayela angamashumi amahlanu ngehora ngaleyonkathi, wahamba waze wayongena emfantwini wedwala.

Ngakhalisa okwengane. Ngacabanga, "Ngolunye usuku olukhazimulayo, lapho lemvuselelo isidlule, Uyofika evela eNkazimulweni, elule amaphiko aKhe amakhulu amandla, nezinkozi ezincane ziyohhuka imilomo yazo yezinyoni phakathi lapho futhi zisuke zindizele eNkazimulweni kanye naYe." Utwa lubizana noTwa. Uma utwa lubiza, kukhona uTwa olusabelayo.

Ngamanye amazwi, singakabikho isihlahla ukuba simile emhlabeni, kwafanele kubekhona umhlaba esizomilela kuwo kuqala. UNkulunkulu akazange enzele isihlahla umhlaba; Wenzela umhlaba isihlahla. Wenza umhlaba, futhi wayala umhlaba ukuba uveze isihlahla. Nomhlaba wawubiza, ngakho isihlahla savela.

Singakabikho isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakungekhomanzi ukuba ihlambe kuwo. Isizathu sokuba ibe nesigwedlo yingoba kwakukhona amanzi okuba ihlambe kuwo, ukuba isisebenzise. Konke esinakho kungokwenhloso nokwembangela.

Lapha esikhathini esithize esedlule, ngangifunda lapho khona umfanyana edla irabha epenseleni. Udla yonke irabha ayitholayo. Udla ngisho isitibili sebhayisikili. Futhi babengazi ukuthi yini eyayingalungile kumfana omncane. Ngakho bamusa ezansi ukuba ayohlolwa, kudokotela, emtholampilo. Futhi emva kokuba esemhlolile, bathola ukuthi umzinjana wakhe wawudinga isibabule. Futhi isibabule siserabheni, futhi wayedla irabha ukuze athole isibabule. Manje, nakhu. Kutholeni. Kwakukade kukhona . . . Uma kwakukhona okuthize ngaphakathi lapha kubiza isibabule, kwakufanele kubekhona isibabule ukuba sisabele, sona singakabizi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, ingakabikho i . . .

"Uma utwa lubizana noTwa." Lungakabikho utwa, ubizo, kufanele kubekhona uTwa ukusabela kulo. Bese-ke impela njengoba niqinisekile nina bantu, iminyaka embalwa edlule, labo mhlasimbe owayeyizoni . . . Mhlawumbe nanisebandleni

elithize nje ngegama, elalingakholelwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, kodwa nezwa uMlayezo. Kwabakhona okuthize phakathi lapho okwabiza okuningi kukaNkulunkulu. Ngahle ukuba naniphila esimweni esilungisisiwe phambi kukaNkulunkulu, kodwa nanifuna umbhaphathizo kaMoya, futhi nawulambela. Manje, sona impela isizathu sokuthi kukhona uMoya oNgcwele, yingoba naniWulambele. Naningeke niWulambele, uma kwakungekho okuthize phakathi lapha kokuWubiza, phandle lapho. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

Futhi, kwase-ke, sona impela isizathu sokuba nibe lapha kulobubusuku, niyakholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu. Futhi uma okwabo kwakungafundiswanga ngisho eBhayibhelini, uma nina qembu labantu nanikholelwa ekuphulukiseni kukaNkulunkulu, kufanele kubekhona umthombo ovulwa ndawondawo kungenjalo beningeke naba nesifiso sawo. Uma ninesifiso sokuphulukiswa nguNkulunkulu, ukhona uNkulunkulu ukuba aniphulukise. Kunjalo. Ngokuba, utwa lubizana noTwa.

Kwakungaleyondlela kuSimeyoni, wayazi ukuthi kwakuza uKristu. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wamthembisa ukuthi wayezoMbona engakafi. Manje qaphelani. Kwase-ke, lapho uSimeyoni esaholwa . . . Akusiso isimanga na? Kwathi nje lapho uJesu efika enkundleni, uSimeyoni waholwa nguMoya oNgcwele, waya kuKristu ngqo, nguMoya oNgcwele owanikeza isithembiso.

Futhi uMoya oNgcwele, Onikeza isithembiso sokuphulukisa kukaNkulunkulu, uniholele lapha kulobubusuku, neza emthonjeni ngqo; lapho ovuleke khona kulobubusuku kulowo othandayo, njengamanje, khona impela ekuholeni kukaMoya oNgcwele ofanayo, uhola amadodana kaNkulunkulu akholwa isithembiso sikaNkulunkulu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nonke nina-madodana namadodakazi kaNkulunkulu niholelwa lapha ngoba nikholwa yisithembiso sikaNkulunkulu. O, uma ngicabanga ngakho!

Bese ngiyacabanga, ngaleya ekhoneni kwakukhona owesifazane osemdala. Sifundiswa ukuthi wayeyimpumputhe. Igama lakhe kwakunguAna. Wayengumprofethikazi, elindele ukufika kweNkosi. UNkulunkulu uphansi kwesibopho sokumkhombisa uKristu. Futhi uMoya oNgcwele wahamba phezu kukaAna. Futhi sengathi ngiyambona lowomprofethikazi omdala oyimpumputhe ngalokhokusa, eza edabula kuleyondlu, eyimpumputhe, eholwa nguMoya oNgcwele, ehamba, nabobonke labobantu. Wehla ngalowomugqa wabesifazane, wase ema ngqo phambi komthombo, ngalapho ayeholelwa khona uMoya oNgcwele. [Kwenzeka ukuthi kungaqoshwa—Umhl.]

Yebo, Ulapha kulobubusuku. Uvukile kwabafileyo. Uninike isithembiso. UMoya oNgcwele unidonsele ndawonye. Ukuba ubungekho lapha kulobubusuku, ukuba uMoya oNgcwele ubunganilethanga lapha, benizoba ngaphandle ndawondawo ezweni. Kodwa nihlezi lapha endlini eshisayo, niziphephetha, ngoba (ngani na?) nilangazelele ukubona uJesu Kristu efika enkundleni futhi aqinise iZwi laKhe. Ukulangazelela!

Uma nilangazelela ukuza ukuba nje nizothola okuthize kokugxeka, uDeveli impela uzonibonisa okuningi eningakugxeka. Impela uzokwenza.

Uthola lokho okulangazelele. Abanye babo bathi, "Awu, lutho, uma ngithola . . . uma ngingasukumi ngingene emgqeni wokukhulekelwa. Uma ngibona into efana nalena, khona-ke ngizokholwa." Uzothola lokho okulangazelelayo.

Ngilangazelele, kulobubusuku, ukubona uMoya oNgcwele ufika futhi Uzibonakalise ngamandla, uthulule iNkazimulo yaWo, phezulu kulendlu lapha; abaningi bamukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; izoni zikhale indlela yazo ibheke eKalvari; abagulayo baphulukiswe; zonke izindlela zezibonakaliso nezimangaliso. Ngoba, uJesu Kristu ukwethembisile, futhi ngiyasikholwa isithembiso saKhe.

Ake sikhuleke.

Baba waseZulwini, njengoba iZwi laKho liyiQiniso, qinisa iZwi laKho ngezibonakaliso nezimangaliso zikaJesu ovukileyo. Siyazi ukuthi ngenkathi Esesemhlabeni, Akazishongo ukuthi ungumuntu omkhulu, Wazisho kuphela ukuthi Wambonisa imibono, ukuthi akenzeni. Wayeyazi imicabango yabantu, izimo zabo. Wayazi ngenkathi owesifazane, enomopho, wathinta ingubo yaKhe. Wayemi phandle lapho, futhi wabona ukuthi angeke acasha, ngokuba uJesu wayembuka ngqo. Wayazi. Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

Futhi, Baba, siyazi ukuthi Ulapha kulobubusuku, ngoba Wethembise ukuba khona. Futhi ithemba lethu ligxile njengehange kuYe, eZwini laKhe. Siqinisekile. SiMbonile ekubonakalisweni kokuvuka kwaKhe okukhulu, lapha emhlabeni, esebenza phakathi kwabantu baKhe, ebandleni laKhe. Futhi, Nkosi, masibe, namhlanje, ngabanikezeli bokuKhanya balonyaka. Ukuze kuthi, uma umdlalo wasesiteji omkhulu usubekwa ekupheleni komgwaqo, futhi yilowo nalowo wethu akhuphukele phambi kwaKho, nesibuko esikhulu sesithombe sesivezwa, nezimpilo zethu zalesisizukulwane kubuye kulethwe phambi kwethu, Nkulunkulu, mangizwe iphimbo lami limemeza limelene nokungalungi, futhi libiza abantu ukuba bakholwe nguJesu, iNdodana yaKho.

Busisa abantu lapha kulobubusuku. Bahlezi ekushiseni okunamandla. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobapha isibusiso esikhethekileyo. Sengathi amandla

aduduzayo kaMoya oNgcwele angasusa yonke imicabango yalokhu.

Futhi, Nkosi, ngcwelisa inceku yaKho khona manje, kulenkonzo ezayo. Ngimi lapha, ngazi ukuthi amehlo azoguqulelwa ngapha. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ngokuzithoba, ukuthi Uzovumela amakhulu aKho, Amandla enkazimulo ukuba azeke kubobonke. Futhi uma inceku yaKho engafanele ifumane umusa emehlweni aKho, okwalobubusuku, sengathi Ungathatha lomuntu ongafanele, ukhiphe ubuntu, bese uyangena, Nkosi Jesu, futhi ukhulume nabantu baKho.

Futhi uma ukuphila sekuphele konke, lapha emhlabeni; umkhuleko wokugcina usukhulekiwe, izimpi seziphele zonke, intuthu isihwamukile, isiphelile, izikhali sezitakiwe, amaBhayibheli esevaliwe, futhi senyukele endlini yaKho; lokho kusa okukhulu kuqale, kuyiPhakade, kukhazimula futhi kubalele. "Futhi lapho abakhethiweyo beyobuthanela eKhaya labo ngale kwezibhakabhaka," kwasho umlobi-zinkondlo. Nkosi, lapho sibona lelotafula elikhulu lelulwa khona laphaya, ngalesosidlo sakusihlwa, liyizinkulungwane zamamayela ubude; sibukana sibhekene etafuleni, amaqhawe amadala anezingozi zasempini, izinyembezi zenjabulo zehla ezihlathini zethu. INkosi iqhamuke, ubuhle baYo, ubungcwele, yehle ngetafula, futhi ithathe izandla zaYo uQobo bese yesula izinyembezi emehlweni abo, ithi, "Ningabe nisakhala. Sekwedlule konke. Ngenani ezintokozweni zeNkosi." Izinhlupheko zomgwaqo ziyobonakala zingaselutho ngaleyonkathi, Baba, lapho sesifika ekupheleni kwendlela.

Futhi sisize kulobubusuku, Nkosi, ukuba sikhohlwe yilezozinto esezedlule, masijonge emgomeni wokubizwa okukhulu manje. Futhi sengathi uMoya waKho ungeza futhi ubonakalise iNdodana yaKho, uJesu Kristu, kulababantu. Njengoba, ngizamile, njengomuntu osazofa, ukubatshela ngaWe unguwe izolo, namuhla, naphakade. Ngokuba, sikucela eGameni likaJesu, umntwana waKho othandekayo. Amen.

INkosi inibusise. Futhi kulobubusuku, ngaphambi nje kwezinkonzo zokuphulukisa . . . Ngiyaxolisa ngokuba yingane, kodwa kukhona okuthize okungena enhliziyweni yami uma ngikhuluma ngaYe.

Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukubizwa, ngabefundisi bami, ngenkathi bebone . . . Kusukela ngiseyinganyana, imibono yayifika. Bathi, "Billy, ungalokothi uye kulokho." Bathi, "Lowo nguDeveli." Ngingofundiswa yilabo befundisi basesontweni, ngangikholwa ingxenye ukuthi imibono iba eyephutha.

Kwathi-ke lapho Efika kimi ngalobobusuku futhi wangitshela ukuthi WayenguBani! O, he! Futhi ngiyazi ukuthi Ulapha njengamanje. Futhi ngiyabazi ubuKhona baKhe. Futhi ngiyazi ukuthi ngiyaMthanda. Ngacabanga, "Ngingaba kanjani

nguDeveli, kepha ngithande iNkosi uJesu ngendlela engenza ngayo na? Kanjani na? Inhliziyo yami ingaYophela kanjani . . . Futhi Iyayazi inhliziyo yami." Futhi Yafika yangitshela okwehlukile. NgiyaYikholwa, ngoba Kuqhathaniseka neZwi likaNkulunkulu. Futhi izwi labo aliqhathaniseki neZwi likaNkulunkulu, ngokuba siphila kulolusuku.

Futhi manje, bangane abangamaKristu, ngifuna ukusho kini nonke; imbangela, nxa Kungishaya, mhlawumbe ningahle nimangale ukuthi kwenzekeni. A—angikwazi ukukuchaza. Kungaphezu kwami ukukuchaza. Kodwa ngiba buthakathaka kakhulu ngangokuthi angibe ngisakwazi ukuma kahle, emva mhlawumbe koyedwa noma abantu ababili engidibana nabo. Ningahle ningakuqondi lokho, kodwa, fundani umBhalo nje, Uyakumemezela. Ngikholwa ukuthi, umprofethi uDaniyeli wayebone umbono; wathi wayehluphekile ekhanda lakhe izinsuku eziningi. Kunjalo na?

Futhi uJesu, ngesinye isikhathi, ngenkathi owesifazane, enokukholwa okwenele ukuMdonsa amjikise abone ukuthi wayengubani, Wathi, "Ngizwa kuphume ubuhle, amandla, kiMi." Nabantu khona laphaya, ngenkathi . . .

Akusimi, maKristu. Qhabo. Ngi . . . Ngingumuntu nje, induna yezoni. Kodwa, ozalwe kungakabi yisikhathi, kinina bantu beFull Gospel. Kunjalo. Ngomusa, ngomusa kaNkulunkulu, Ungivumela nginibize ngomfowethu nodadewethu. Futhi ngi—ngiyanithanda.

Futhi ngi—angikho lapha kulobubusuku ukuba ngizobonwa noma ngizwiwe. Angikho lapha ngenxa yezezimali. Ukuthi, ngi . . . Niyakwazi lokho. Ngakho ngilapha ngento eyodwa, ngoba ngiyamthanda uJesu nani ngiyanithanda. Futhi ngikholwa ukuthi ukufika, ngalesisimemo, mhlawumbe ngingazinikela mina kuYe futhi Yena enze okuthize ngami, okuzonenza niMthande kakhulu, futhi niMkholwe futhi niphulukiswe. Lokho (okwami) okunguyena-juqu kuphela enginaye, wokuba lapha.

UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise befundisi futhi, nosomabhizinisi. Futhi ngithi kini manje, ngingakabi buthakathaka kakhulu; ngesinye isikhathi angikwazi ukusuka emsamo. Umfana wami nemenenja, nabanye, uyakuqaphela lokho. Futhi ngifuna ukuthi senosala kahle. Futhi uNkulunkulu anibusise. Futhi uma ngingasophinde nginibone futhi nganeno komfula omkhulu, ngiyonibona ekuseni, lapho i . . . Futhi ngiyoba nobufakazi enginabo manje: ngiyayithanda iNkosi uJesu.

Futhi, imibono, uNkulunkulu unginika imibono. Yiqiniso lelo: IBhayibheli phambi kwami, futhi uNkulunkulu Ongufakazi wami, futhi uyazi. Futhi ngingamemezela kuphela futhi ngisho

njengoba Ezongivumela, ngomusa waKhe, ngikwenze. Ngakho, ngikhulekeleni.

Futhi enye futhi into engithanda ukuyicela. Ngiya eAfrika, eIndiya, ePalastine, eJalimane. Futhi, khumbulani, kulawomazwe, njengoba kwakunjalo ngaphambili; ningacabangi ukuthi izinyanga-bathakathi nabo bonke labobantu abakhwelwe amademoni bayokucela inselelo ngqo emhlabathini, futhi ufanele wazi kangcono ukuthi ukhuluma ngani. Kunjalo. Futhi uma umoya uvunguza, ushisa futhi unzima, kukhona nokuhlushwa, futhi ngiyakhumbula, eWashington, D.C., ukuthi kukhona ongikhulekelayo. Nizongethembisa lokho na? Uma nizongethembisa, phakamisani . . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabonga. UNkulunkulu anibusise. Ngiyanibonga kakhulu.

Manje, ngiyacabanga, izolo kusihlwa bakhiphe amakhadi okukhulekelwa ayikhulu, izolo ebusuku. Futhi ngikholwa ukuthi leyonombolo ibi . . . noma lolohlamvu bekungu Y. Futhi ngikholwa ukuthi ngibize ayishumi nanhlanu awo okuqala, izolo ebusuku. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Akunjalo, bazalwane na? [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Awokuqala ayishumi nanhlanu alawomakhadi elikhishiweyo.

Manje sizobiza amaningi awo. Futhi mhlawumbe, kulobubusuku, uma ukukholwa kuphakama, mhlawumbe singathola amabili noma amathathu amaqembu abo. Futhi uma kungenjalo, ngibuza wonke umuntu lapha . . . Bangaki abantu phakathi lapha ongenalo ikhadi lokukhulekelwa futhi ofuna ukuphulukiswa nguNkulunkulu kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho nje; ongenalo ikhadi lokukhulekelwa. Awu, nje ku . . . Kunzima ukusho. Kuqine nje, ndawo zonke.

Ngizonibuza okuthize. Lokhu kungaba okokuqala ukuba ngize nginibone. Kubi kabi ukuthi asikwazi ukuhlala isikhathi esidana emhlanganweni bese nazi ukuthi kwemukelwa kanjani ukuphulukisa kukaNkulunkulu. OkukaNkulunkulu . . .

Futhi izikhathi eziningi, uma abantu bephulukiswa . . . Isimilela siyi—siyidemoni. Konke ukugula kungokukaDeveli. UNkulunkulu ubengeke, akakubeki ukugula phezu kwabantwana baKhe. UDeveli uyakwenza lokho. Niyabo? "Futhi uma uSathane emkhipha uSathane . . . "

Wena uthi, "Ngani, uDeveli uyaphulukisa, naye."

Awu, uJesu wathi wayengeke. Wathi, "Uma uSathane emkhipha uSathane, umbuso wakhe wehlukene." Ngakho, angeke. UNkulunkulu kuphela ongaphulukisa.

Umuthi nodokotela abazisho ukuthi bayaphulukisa. IzeLamani zakwaMayo yizona-zikhulu zakithi ezingcono kakhulu. Bathi, "Asizisho ukuthi siyaphulukisa." Bathi, "Thina kuphela sisho ukuthi sisiza imvelo."

Munye kuphela umphulukisi, lowo nguNkulunkulu. Bangayithunga indawo bayihlanganise, esandleni sakho, kodwa bangeke basiphulukise. Bangasithunga basihlanganise kuphela. Udokotela wamazinyo angalikhipha izinyo, kodwa ubani ozophulukisa indawo na? Udokotela angalikapuluta ithumba kupopopo, kodwa ubani ozophulukisa indawo ayisikile na? Kwenza uNkulunkulu. Umuthi awusakhi isicubu senyama. Umuthi kuphela uluncedo. UNkulunkulu ungumphulukisi. Udokotela angayiqondisa ingalo yakho, kodwa, uma efika aqondise ingalo yakho, futhi ungaphumi . . . Futhi awusindile. Udokotela wenza ingxenye yakhe, lokho afundiswe ukukwenza, nolwazi lokwenza. Uqondisa ingalo yakho, kodwa uyishiyela uNkulunkulu ukuba ayiphulukise. Kunjalo. Konke ukuphulukisa kungokukaNkulunkulu. Ngakho, manje, wena Mkholwe nje.

Futhi ngezinye izikhathi uma lezozimilela, ukuphila kuphuma kuzo, njengedemoni, ke, lezozimilela-ke ziyafa.

Uma ukuphila sekuphumile kuwe, kusobala, uyafa. Ukuphila kwakho kuyaphuma kuwe, kodwa umzimba usekhona lapho. Uyashwabana. Uma kukhona umngcwabi lapha, uyazi ukuthi umzimba womuntu . . . Noma ubod- . . . Yonke inyama iyashwabana uma ukuphila sekuhambile. Qaphela isilwanyana uma—uma sibulewe emgwaqeni. Siyoba nesisindo . . . Noma, abanye benu bazingeli lapha, uma nibulala isilwane, inyama yenkomo, noma umthengisi wenyama; bese uyibeka esikalini bese uyayikala manje, ibulale nje bese uyayikala. Bese, ekuseni, ikale futhi bese ubona ukuthi ilula ngamaphawondi amangaki. Bese uyiyekela lapho izinsuku ezimbili noma ezintathu, bese ubona ukuthi isinda ngamaphawondi amangaki.

Ke, manje, isimilela, uma sifa, idemoni liyaphuma esimileleni, njengethumba, umdlavuza, isilazi esweni, nokunjalo. Uma idemoni liphuma kuso; okungukuphila.

Wonke umuntu lapha uvela embewaneni eyodwa encane, bese—bese uqala ukukhula ube ngamangqamuzana okuphila. Futhi lawomangqamuzana okuphila abe esefana nemvelo yokuphila obekukuyo, okwenza umuntu. Nengqamuzana lokuphila elivela enjeni lenza inja; nenyoni inyoni. Njalo emva kwemvelo yalo, yonke inhlobo.

Kodwa manje, idemoni, eliyisimilela, noma alidingi ukungena esimileleni, liyi . . . liqala ukukhula libe ngamangqamuzana okuphila. Ake sithi, isibonelo nje, umdlavuza. Uqala ukukhula ube amangqamuzana okuphila, futhi wande, wande. Ke, manje, usunokuphila, futhi uyaphila.

Njengokufanayo nje njengoba wawuphila futhi ukhula esizalweni sikanyoko. Into efanayo, uyakhula.

Kodwa, manje, lokho kuphila akusikho ukuphila kwakho, kungukuphila okwehlukile. Unokuphila, kokuba uphile; futhi

lokho ukuphila kokufa, noma umoya wokufa, njalo. Ngiyaxolisa. Futhi ngukufa. Ke, manje, akusikho okungokwakho. Kwakungekho lapho ngaphambili, kodwa sekukhona manje. Ke, ngaleyonkathi, ubani ofaka lokho lapho na? Kufanele ukuthi kuvela entweni eyodwa kuphela, lowo nguDeveli. Futhi kuyimbewana. Umdlavuza, ithumba, noma yikuphi kwalezozinto, kuvela embewaneni. Nawe uvela embewaneni, futhi, uyabo.

Ngakho ngenkathi lokho sekufile, isibonelo nje, njengesilazi esweni. Umuntu onezilazi emehlweni, uma umoya usuphuma, abantu bathi, "O, sengiyabona! Sengiyabona!" Futhi ngosuku olulandelayo, bangabona kangcono kakhulu. Kodwa besekuthi cishe, cishe emva kwamahora angamashumi ayisikhombisa-nambili, kungene ukubola.

Njengokuvuka kukaJesu, manje, amangqamuzana okuphila awazange abole. Wavuka ngaphambi kwezinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kusobala. Niyabo, Wafa ngoLwesihlanu ntambama, futhi wavuka ngeSonto ekuseni. Imbangela, uDavide wathi, "Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidesi, futhi Angiyikuvuma oNgcwele waMi abone ukubola."

Lawomangqamuzana aqala ukudleka emahoreni angamashumi ayisikhombisa-nambili. Futhi cishe . . . Bese kuthi-ke uma isiguli . . . Uma lokho sekuqala ukuvuvuka, lesosimilela, siya ngokuba sikhulu, bazo . . . Kusobala inhliziyo yakho ifanele ihlanze lokho kuhamba kwegazi.

Inenekazi lifike kimi izolo ebusuku, ongcwele ngempela, owesifazane obukeka emesaba uNkulunkulu, enomdlavuza omkhulu obu . . . Uthe ufika emgqeni, futhi wathi wawusugcwele yonke indawo, izinwele zakhe. Futhi wathi ngama ngambuka, futhi ngamtshela, phansi koMoya, ukuthi ubenomdlavuza ekhanda lakhe. Futhi ngathi wawuzophuma. Futhi waphuma. Futhi unawo lapha, ngiqagele, kulobubusuku, lapha usebhodleleni lokusaspiriti, khona lapha manje. Sibe nezinkulungwane zabo.

Ukhona owesifazane endlini na? Angasukuma, uma owesifazane ekhona noma yikuphi endlini, nalowomdlavuza ukulokho okusasipiriti. Uma ekhona noma yikuphi endlini, uma emile, vayizisa isandla sakho noma okuthize, ukuze umuntu akwazi ukukubona. Yebo. Nanto inenekazi limi lapho, nomdlavuza.

Futhi sengike ngababona, bemi khona impela emsamo, nje bajike babemhlophe futhi bawe khona emsamo. Niyabo? Manje, lokho yisimangaliso.

Ngokuvamisile, uma isimilela sesifile, ukuphila kuyaphuma kuso. Kodwa, isimilela, uma singawi, singaphakathi. Futhi uma siwa, kusobala, siyohlala lapho izinsuku ezimbalwa bese siqala ukuvuvuka. Njengayo yonke enye inyama, amangqamuzana

okuphila azoqala ukudleka. Bese uguliswa ngempela ngumkhuhlane. Kusobala, kufana, nokuthathelwanayo. Inhliziyo iphampa igazi futhi ihlanze umzimba. Kukhona esikhulu isigaxa senyama esilengayo emzimbeni wakho. Isiguli sithola ukugula ngamandla.

Bese uthi-ke, "O, ngi—ngizizwe ngikahle kabi ngenkathi ngisemsamo, futhi usuku noma ezimbili. Kodwa ngibona ukuthi sengilahlekelwe ukuphulukiswa kwami."

Ngani, mfowethu, dadewethu, lokho yisibonelo esizedlula zonke ezweni sokuthi ukutholile ukuphulukiswa kwakho. Niyabo? Bese-ke uqala ukungakholwa, futhi, njengoba nje impela ukukholwa kwakho kukhiphe ukuphila, ukungakholwa kwakho kuzophinda kukubuyise futhi. Niyabo? Kuzokubuyisa. Kuzokuvusa. Khumbulani, uJesu wathi, "Nxa umoya ongcolileyo ephumile kumuntu, uyadabula izindawo ezomileyo, bese eyabuya nabanye omoya abayisikhombisa." Kunjalo na?

Futhi ngakho makuthi umuntu olungileyo wendlu, ukukholwa, kubekhona lapho, ungabi nandaba ukuthi uzizwa unjani. Akuyi ngokuthi uzizwa unjani; kuya ngokuthi uyakholwa. UJesu akazange athi, "Ukuzwile na?" Wathi, "Ukukholiwe na." Kwakuyilokho-ke. UNkulunkulu anibusise. Kulungile.

Manje, asibone, ngikholwa ukuthi bekungamakhadi okukhulekelwa abeyikhulu abawakhiphe izolo ebusuku, ku Y. Asizange siwaqede onke. Asithathe awokugcina awo ayishumi nesihlanu kulobubusuku, ukuzama. Ubani onekhadi lokukhulekelwa eyti-. . . Lelo kuzoba, qha, eyti fayfi. Ubani onekhadi lokukhulekelwa 85 na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uma othize lapha, ndawo ndawo ngemuva, ikhadi lokukhulekelwa eyti fayfi.

Kulungile, eyti siks, ubani onekhadi lokukhulekelwa eyti siks na? Kulungile. Eyti seveni, eyti seveni, ngiyambona nje onekhadi lokukhulekelwa eyti seveni sizani bo? Uma u. . . Ungasukuma, eyti-. . . Kulungile, eyti seveni yilokho oku . . .

Niyabona, umuntu mhlawumbe ongakwazi ukusukuma; mhlawumbe basohlakeni; mhlawumbe bayizithulu; futhi—futhi bathi, "Awu, akekho ongisizile." Futhi ku—kubuya kimi, ehhovisi lami. Bathi, "Awu, bengikhona. Futhi—futhi uvele nje wathi kus'banibani kuya kus'banibani, futhi akekho ongisizile." Futhi mhlawumbe bebeyizithulu.

Manje bukani. Sineoeyti fayfi, eyti siks, eyti seveni. Buka ikhadi likamakhelwane wakho futhi ubone. Angahle ukuba uyisithulu futhi engakwazi ukuzwa. Eyti seveni. Ngiyabonga, dadewethu. Eyti eyti, ubani ono eyti eyti na? Ikhadi lokukhulekelwa eyti eyti, ngabe likhona endlini na? Eyti eyti na? Kulungile. Eyti nayni, ngabe. . . onekhadi eyti nayni na? Ungasukuma na? Eyti nayni, ngabe isandla siphakeme sika

eyti nayni na? Kulungile, eyti nayni. Kulungile, eyti nayni, eyti nayni,?

Kholwa kuphela, kulungile manje.

Manje, nawo wonke umuntu ophakathi lapha, uma nje nizokwenza manje Athi kwenzeni nje. Manje, akunandaba ukuthi Uthi yenzani ini, kwenzeni. Kwenzeni nje. Nje—nje hambani nikwenze lokho Othi kwenzeni.

Manje, ngingumfowenu, futhi ngingumuntu nje. Manje uma Ezofika futhi—futhi athathe loluhlaka-ndini, futhi alubusise ngokwenele, ukuvumela uMoya waKhe oNgcwele usebenzele kulo, khona-ke nizobona uJesu Kristu ehamba kwizethameli.

Futhi, manje, akunandaba ukuthi Ubengaziqinisekisa kangakanani Yena lapha, uma ningaMkholwa, Angenenzele lutho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akunandaba noma ngabe Ubemi khona lapha eceleni kwami, ebonakala, nize nikwazi ukuMbona, awu, uma ningangikholwanga, bengingeke nginenzele lutho. Kodwa elami—elami izwi lizoba nje yilokho Akushilo kuvela emBhalweni, futhi ngizokhuleka ngenhliziyo yami yonke ukuba uNkulunkulu anisize. Imbangela, mhlawumbe bazoba ngomama nobaba, nokunjalo, phakathi lapha, ogulayo nokhathazekileyo, nodingayo. Futhi ngizocela uNkulunkulu ukuba anisize, ngokwazi kwami konke.

Kulungile, yimani umugqa enhla lapha ngale ngakwesokudla.

Manje sonke asikhothamise amakhanda ethu okwesikhashana.

Baba onomusa, sikhuleka egameni leNdodana yaKho uJesu, uMoya oNgcwele mawuze manje futhi ubonakalise imisebenzi kaJesu Kristu. Busisa lababantu, ndawo zonke, futhi ubenze baphile, benze basinde, benze babe nempilo, bajabule.

Futhi manje, ukuze kwenziwe lokhu, Baba, Wena uyabazi ubuntengentenge ne . . . eyaKho . . . benceku yaKho. Futhi a—angazi ukuthi ngithini noma ngenzeni. Futhi manje ngikwenzile lokhu konke ngomyalo waKho, futhi ngiyakholwa ukuthi Uzoba-lapha, kulobubusuku, ukubusisa nokusiza lababantu. Futhi, Baba, uma Uzovele nje uvumele uMoya oNgcwele uze encekwini yaKho futhi usembulele lezizinto, esifanele sikwenze, nokuthi sifanele sizenze kanjani, khona-ke sonke sizojabula sithokoze. Nalezizethameli zizokholwa nguWe, zinhliziyonye futhi zimunye. Futhi, Baba, ngicela kuwe lokhu, njengenceku yaKho, makungabikho namunye umuntu obuthakathaka ophuma kulendlu kulobubusuku. Sengathi bona, bonke, bangahamba bephilile futhi benempilo, futhi bejabula. Kwenze. Uzokwenza, Baba na? Ngikhuleka ngomusa enhliziyweni yami, nokukholwa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, izikhathi eziningi . . . Yebo, ngabe ukhona yini okulawomalambu, ukhona osemalambini, ongawagudluza na?

Manje, ngezinye izikhathi, loMoya oNgcwele, Ufika . . . Futhi iningi lenu lisibonile isithombe. Uma ngiphinda ngibuya futhi, ngizoniphathela ezinye zazo, njengoba uMfowethu Moore ubesho kulobubusuku. Sekuyizikhathi eziningana sithathwa. Futhi ezincwadini . . . Ngiqagele nonke ninazo. Si . . . benginamabhokisi amabili kuphela, ngakho ngethemba ukuthi niyazijabulela ngempela. Futhi manje ba . . . Uma nibheka phakathi lapho futhi nizobona esinye isithombe saWo, lapho Owahlala khona phansi. Nomthwebuli-zithombe wamaphephandaba wasithwebula leso, eCamden, eArkansas, kodwa sasingesiso uqobo njengesaleNhlangano yaseMelika. Futhi ba—banaso, futhi kwaba yingaleyonkathi lapho saba yiso uqobo. Ngakho si . . . Futhi izinkulungwane eziningi zabantu . . .

Ngangimi phezu komfula, lapha esikhathini esithize esedlule, ngibhaphathiza amakhulu amahlanu emva kwemvuselelo, futhi Wehlela ngqo lapho engangimi khona. Nabantu baquleka, futhi nje kwakulapho. Futhi nje kwakunjengomsindo ohlokomayo noMlilo oqhumisa okwesiswebhu.

Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzofika abonakale phambi kwezethameli kulobubusuku, ngaleyondlela, lapha endlini yomkhandlu wesizwe, kanye futhi, uma ngingafumana umusa kuNkulunkulu.

Manje, niyaqonda, Ungafika kwamanye amehlo, futhi ungafiki kwamanye. Asifuni ukucabanga lokho, kodwa Uyakwenza.

UJohane kwaba nguye owafakazayo, ebona uMoya kaNkulunkulu phezu kukaJesu. Kunjalo na? Akazange athi, "Izethameli."

Futhi i—izazi zalandela inkanyezi. Niyakukholwa lokho na? Futhi Yedlula phezu kwazo zonke izingqapheli ezweni, isuka le kude empumalanga, amaviki nezinyanga, iza. Futhi babeka isikhathi ngezinkanyezi. Babelinda, ubusuku bonke, futhi begcina isikhathi, futhi akukho-muntu owake wayibona. Kodwa izazi zayibona, ngokuba zaziyifuna.

Wena ofuna uKristu kulobubusuku, futhi uzoMbona. INkosi uJesu inibusise! Kulungile.

Billy Paul, Mfowethu Moore, abanye benu, u . . . konke sekulungile. Kulungile. Ngabe umugqa wonke sebewumise kahle, Billy, lonke ishumi nesihlanu na? Lonke ishumi nesihlanu selimi umugqa.

Manje, kinina nonke, zamani labo ongenalo ikhadi lokukhulekelwa futhi wazi ukuthi ungeke ube semgqeni. Ngifuna nibheke ngapha futhi nikholwe nje. Futhi nikholwe

ngohlobo lokukholwa olufanayo lokukholwa lalowo wesifazane owathinta ingubo yaKhe.

Futhi Waphenduka wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Niyakholwa ukuthi Usenguye kulobubusuku na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa . . .

Kulo lonke loloquqaba olwaluhewula, lelokhehlana bandla eliyimpumputhe lihlezi phansi ngasezingangeni zaseJeriko, mhlawumbe ibanga eliphindwe kabili kunalendlu, limemeza futhi limpongoloza, "Ngihawukele!" UJesu mhlawumbe wayengakaze akuzwe ukumemeza kwalo.

Kodwa Wakuzwa ukukholwa kwalo. Kwanyakaza. Kusosonke lesosigejana sabasoli! Futhi Waphenduka, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

Waphendukela ezethamelini, wayesesho okwehlukile. "Yini nidlinze enhliziyweni yenu na?" Wathi kowesifazane emthonjeni, "Hamba ulande indoda yakho." Futhi Wathi, "Ngingenze lutho uBaba eNgangibonisanga." [Lenkonzo yalobubusuku iyaphela—Umhl.]

[Enye inkonzo yasebusuku iyaqhubeka kanje—Umhl.]

Nginibuza okuthize. Uma engikushilo kuyiqiniso, uma kuyiqiniso, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe. Hhayi kimi, kodwa eZwini laKhe. Kunjalo na? Ubophezelekile eZwini laKhe. Futhi, ke, Uzokufeza lokho ngayo impela nje indlela Athi Uyokwenza ngayo. Futhi uma Ekwenza, ngabe-ke nonke nina eniphakathi lapha, uma ningakamemukeli uJesu Kristu, nizovuma ukukwenza na?

Futhi wena olapha, ongabona umusa waKhe kwabanye, yebo, Uzoba nomusa kini uma nje nizoba nokukholwa futhi nikholwe. Khulekani nje nithi, "Nkosi, ngi—ngiyikholwa, futhi ngifuna Wena ukuba ungiphulukise kulobubusuku." Futhi uNkulunkulu uzokwenza.

Sisanda kusuka eAfrika, maduze nje, lapho engizobuyela khona futhi emavikini ambalwa ezayo. EAfrika, eIndiya, ePalastine, eJalimane nangenkonzo. NaseThekwini eNingizimu Afrika, emva kokuba abantu cishe abathathu noma abane sebedlule emgqeni wokukhulekelwa, futhi bawabona amandla kaMoya oNgcwele ehamba kubantu, futhi babona uNkulunkulu ayekwenza, izinkulungwane ezingamashumi amathathu zemukela uJesu njengoMsindisi wazo ngqo ekubizelweni e altare okukodwa. Izinkulungwane ezingamashumi amathathu ngesikhathi esisodwa.

Ngakho, ngiyakholwa, uma sizothatha iZwi likaNkulunkulu njengomgomo, futhi siye ezweni lonke futhi sishumayele iVangeli! "IVangeli alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nesibonakaliso sikaMoya oNgcwele." Ngakho, i—iVangeli, libonakalisa amandla kaMoya oNgcwele.

Sengike ngaya ezizweni. Bathi, “Manje, asisifuni isithunywa senkolo. Sazi kabanzi ngakho kunoma wazi wena. Kodwa, into esifuna ukuyibona, ngumuntu onokukholwa okwenele ukwenza iZwi likaNkulunkulu libonakaliswe.”

Yilokho abafuna ukukubona. Futhi baphenduka kanjalo-ke. Bamthola kanjalo-ke uKristu, yingoba—bakholwa ngaleyondlela. Futhi ngethemba uNkulunkulu, ngenhliziyo yami yonke, ukuthi bazoba baningi, abaningi lapha kulobubusuku abazothola uKristu ngokufanayo enhliziyweni yabo. Sengathi iNkosi uJesu, waseNazaretha, anganibusisa nonke, kungumkhuleko wami.

Manje, kuyalunga na?

Akekho umuntu ofuna uNkulunkulu noma nini. UNkulunkulu ofuna umuntu. Akakaze umuntu afune uNkulunkulu, kulo lonke izwe. UNkulunkulu ufuna umuntu. Ngenkathi umuntu kuqala ewa, ensimini yase-Edeni, kwakhombisa isimo somuntu. Umuntu wacasha; uNkulunkulu wayemcinga umuntu. UJesu wathi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonsi.” Kufanele kudonswe nguBaba, kuqala.

Futhi, bese-ke, ngizothanda ukunichazela okuthize: kokubona umbono.

Bangaki abantu phakathi lapha asebake baphupha iphupho. Ake sibone isandla senu. Ngani, ngiqagele izingxenye zokubili kokuthathu kwenu. Kuneqiniso lokuthi iningi labantu aliphuphi. Kuyilokho kuzwa kwenu okuncane, siyafundiswa. Nanku unembeza wakho wokuqala; nakhu ukuzwa kwakho okuncane. Manje, lokhu ukuzwa okuncane yilokhu engikuzamayo, ngoMoya oNgcwele, ukusebenza kukho.

Lonembeza wokuqala. Ngingahle ngibuze lendoda lapha, noma iyiphi indoda engapha, othize, “Uyakholwa na?” “O, yebo, mnumzane!” Uyakukholwa lapha, kodwa kuthiwani ngalendoda ephansi lapha na? Yiyo ehambisa umkhumbi, hhayi indoda ephezulu endlini yomshayeli. Yindoda esekamelweni lenjini.

Kwenye inkathi uma uhamba uyolala, uhamba ungene kulokhu ukuzwa okuncane bese uyaphupha, futhi uphupha ngezinto ozenzile ngenkathi ulapha. Bese, uma uvuka, uyazikhumbula izinto oziphuphile. Nina bantu uke wawaphupha amaphupho. Eminyakeni eminingi eyedlule naphupha amaphupho. Nisakhumbula. Hhayi-ke, kwakukhona ingxenye yenu ndawo ndawo (akusilo iqiniso lelo na?), kungenjalo beningeke nilikhumbule, into enayiphupha eminyakeni eminingi eyadlula.

Manje, umuntu olala azumeke, ukuzwa kwakhe okuncane kule emuva. Akufiki neze kuye.

Kodwa, umboni, ukuzwa kwakhe okuncane akukho emuva lapho, kanjalo futhi akukho lapha. Kukhona lapha. Akayi ukuyolala. Amehlo akhe avulekile, futhi nje uyabona.

Manje, lokho, uNkulunkulu unika lowomuntu indawo, lapho engalala khona azumeke futhi angaphuphi. UNkulunkulu wanika umuntu indlela yokuphupha amaphupho. Bengingathi, "Ngiphuphele iphupho." Ubungeke ukwenze.

Hhayi-ke, bese-ke, uNkulunkulu ubeka ebandleni, abanye, abaphostoli, abaprofethi, iziphiwo zokuphulukisa. Kunjalo na? Bonke bangabokuphelelisa ibandla.

UPawulu wathi, uma kufika . . . "Uma nonke nikhuluma ngezilimi, bese kungena ongafundile, ngeke asho yini ukuthi nonke niyahlanya na? Kodwa uma omunye eprofetha futhi embule izimfihlo zenhliziyo, bonke abazukuwa yini phansi futhi bathi ngempela uNkulunkulu unani na?" Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] YiVangeli lelo na? ["Amen."] Kuhle, kwakungesuye yini uJesu Kristu lowo izolo na? ["Amen."] Akasuye namhlanje na? ["Amen."] NingaMkholwa ngokukhuluma ngezilimi; ningakholwa ngoMoya oNgcwele; kodwa ngiyaMkholwa ngesilinganiso esigcwele Ayiso, iNkosi uJesu ofanayo. Akafile. Wavuka kwabafileyo, futhi ulapha kulobubusuku, lapha emsamo manje. Futhi sengathi Angabusisa futhi asize.

Angikaze ngibe kulelizwe ngaphambili. Futhi, ngokwazi kwami, akukho-mphefumulo ophilayo engingawubona phambi kwami engiwaziyo; bambalwa kakhulu lapha emsamo. UMfowethu Boaz, ngiyamkhumbula. Ngike ngayibona indoda eseceleni kwakhe; angisalikhumbuli igama layo. Kodwa, futhi ngi . . . UMfowethu Lindsay. Mhlawumbe nje abathathu noma abane abefundisi abahlezi lapha engibaziyo, endlini. Kodwa, uNkulunkulu unazi nonke. Yiqiniso lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Unazi nonke.

Manje, lelinenekazi elimi lapha, uNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi angikaze ngilibone empilweni yami, ngokwazi kwami. Siyizihambi, nenekazi na? [Udadewethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Siyizihambi uqobo. ["Yebo."] Kodwa uNkulunkulu uyalazi.

Manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla naphakade, asiguqule isithombe manje. Akade eyikho izolo, ngenkathi ezothola okuthize ngowesifazane, Wathi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Ngani, akusilo isiko lokuba lokhu kwenzeke, abaJuda nokunjalo, namaSamariya."

Kodwa, uJesu ekhuluma naye, isikhashana, Wathola nje ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Kuhle, manje, uJesu usevukile kwabafileyo, manje, futhi uyaphila kithi kulobubusuku. "Kuseyisikhashana, izwe ngeke lisaNgibona, kepha niyoNgibona nina, ngokuba Ngi. . ." "Ngi" yisabizwana somuntu, "Ngiyoba-nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje, lelo yiQiniso leVangeli. Ningahle ukuba aniLifundanga ngaleyondlela, noma nalicabanga ngaleyondlela, kodwa yileyondlela elilotshwe ngayo eBhayibhelini. Lokho, isayense yenu yezenkolo ingahle ukuba iLedlulile ndawo ndawo, kodwa yileyondlela eLilotshwe ngayo eBhayibhelini. "Ngiyoba-nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

Manje, niyazi ngilinde okuthize. Yiqiniso lelo. YiNgelosi yeNkosi. Yiqiniso lelo. Anginasizo lwalutho, njengani nonke nje. Futhi ngilapha mhlawumbe nabasolayo abahlezi lapha.

Bangaki abake babona isithombe saYo, bazi ngemihlangano yami futhi babona lapho ezesayense zithathe khona isithombe saYo, ukuKhanya okukhulu okungenayo futhi ningaKuqaphela na? Yebo, iningi lenu. O, izinkulungwane zezithombe ezithathelwe kuso zithengisiwe, nokunjalo. IDouglas Studios eHouston eTexas inaso, lapho uGeorge J. Lacy, omunye wababedlula bonke ekuhloleni eMelika, wasithatha futhi wasihlola, yonke into, ukubona ukuthi kwakungesikho yini ukuvuleka kabili kweso lomshini wokuthatha izithombe noma okuthize. NoJesu Kristu waZiqinisekisa enjengonguye izolo, namuhla naphakade.

Manje, kusobala, ngilinda Yona. Noma Izongisiza kulobubusuku, angazi. Futhi uma ngisho noma yini ngokuqhosha, kumbe noma yini engiyishilo ephumile endleleni, uNkulunkulu angithethelele. Bengingabe ngingaqondile ukukwenza. Kuphela ngiqonde, ngokuzithoba kwenhliziyo, ukumela uJesu Kristu Ongilalele manje. Futhi sengathi umusa waKhe ungaba lapha kulobubusuku. Njengoba sengikhulume lezizinto, futhi ngibe seZwini laKhe, sengathi Angafika futhi asisize, kungumkhuleko wami.

Futhi, manje, ngabe oshaya i ogani ukhona lapha ndawo ndawo na? Uma ethanda, kancane, ngiyacela, phansi impela, iculo, Kholwa Kuphela.

Futhi wonke umuntu ngiyacela akabe se—sesimweni somkhuleko, uma nithanda. Awudingi ukukhothamisa ikhanda lakho ngaphandle uma ucelwa.

Manje, emgqeni wabakhulekelwayo, wena ozayo, uma kuba. . .Uma Ekusola, ufanele. . .uma ku. . .Kuzoba yiqiniso. Uma kuyilo, ufanele uvume ukukumela. Ezethamelini, noma yikuphi, uma Esho, ufanele wazi ukuthi akusimi. NguYe. Futhi hamba ukulungise. Into yokuqala ongayenza, ngaphambi kokuba uthole ikhambi, ufanele uthole imbangela ngaphambi kokuba uthole ikhambi.

Uma uya kudokotela, ugula futhi uxhaphazeliswa yisisu, futhi akunike umuthi wokudambisa ubuhlungu, akusuye udokotela omuhle. Uzama ukukuxosha. Uma engudokotela omuhle, uzosihlola isifo aze ayithole ingxaki, bese-ke eqala ukusebenza esusela lapho.

Yileyonto efanayo esifanele siyenze lapha. Uma umoya omubi, uma kukhona isono esingavunyiwe, noma okuthize, noma okunye okungekho entandweni kaNkulunkulu; ungabagcoba, ubusuku bonke, futhi ukhale futhi umemeze, futhi wenze konke ofisa ukukwenza, lelodemoni liyozihlalela khona lapho. Kunjalo. Linelungelo lokukwenza. Kodwa yilokho okufanele ukuqaphele; uNkulunkulu ubeke isiqalekiso phezu kothize ngenxa yento ethize, bese-ke ufika uyasisusa, ungena enkathazweni njengoba kwenza uMose. Kunjalo.

Nangu usefikile, uMoya oNgcwele. Manje, egameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngithatha wonke umuntu olapha abe ngaphansi kokulawula kwami, kube yinkazimulo kaNkulunkulu.

Manje ngifuna ukukhuluma nawe umzuzu, dadewethu. Uyezwa ukuthi kukhona okwenzekayo, kusobala. Uyabo, uyabo, kwenzeke manje nje. Manje, uma kuyiqiniso lelo, abantu mababone, ngesandla sakho esiphakeme. Kunjalo. Uyabo? Yilokho. Lobo ubukhona baKhe. Kunjalo. Uyabo?

Manje, mina, ngiyisihambi kuwe, futhi angikaze ngikubone empilweni yami. Futhi manje uma uMoya oNgcwele, ebengikhuluma ngaye, kaJesu Kristu onguye izolo, namuhla naphakade; uma ngempela ngikufakazile lokho kubantu, futhi ngakumemezela ukuthi kuliqiniso, futhi Usenguye, khona-ke Uzongembulela okuthize, kuwe, okuzokusiza ukuba uMkholwe. Uma ulapha . . . Angazi ukuthi udingani, noma kuyi . . . kodwa Yena uyazi. Manje, uma uNkulunkulu ezokuvumela lokho, uzokwemukela ukuphulukiswa kwakho futhi . . . noma—noma ngabe kuyini okufunayo, ezezimali, kumbe noma ngabe kuyini oMfunela khona lapha, noma ozoMcela khona. Noma, izinkathazo zekhaya, noma kungahle kube yini, noma ngabe kuyini Uzokwazi, Futhi Uzokwazi ukungazisa. Kunjalo na? [Udadewethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Futhi lokho kuzoMenza abe ngofanayo njengoba Akhuluma nowesifazane emthonjeni. [“Yebo.”]

Manje ngikhuluma nawe kuphela, njengoba Enza, ukuxhumana nomoya wakho. Futhi ngiyakubona uqhela kimi. U—u . . . Ubune . . . Ngibona ukufihlizeka okukhulu kwento ethize. [Udadewethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Yingozi. [“Yebo. Yebo. Yebo.”] Futhi u . . . Kwakungukuphahlazeka kwemoto [“Yebo.”] Futhi waphoseka emoyeni, kanjalo. [“Yebo.”] Futhi yakubhinyila, ndawo ndawo entanyeni yakho, kubangele u—umdlavuza ukuba ungene entanyeni yakho. [“Yebo.”] O, futhi

ungokuthize okuyisifundiso, emBhalweni. Futhi uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyakuphilisa na? [“Ngiyakholwa.”]

Baba, Nkulunkulu, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu, phezu kwegunya leZwi likaNkulunkulu, ngowesifazane ofayo, ngicela lento embi ukuba iphume kuye.

Sathane, usudaluliwe, ngakho phuma kowesifazane, njengoba iBandla likaNkulunkulu likubiza ukuba uphume, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

[Udadewethu uthi, “Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga.”—Umhl.]

Manje dadewethu, kancane nje; ngisafuna ukukhuluma nawe nje. Kusobala, uyazi ukuthi sekuhambile manje. [“O, yebo.”] Kuyohlala ngaleyondlela. Buka ukuthi umphimbo wakho, ugobe kanjani? U . . . [“O, yebo. Ayibongwe iNkosi.”] Sekuhambe konke kuye. U—ukuvuvuka komphimbo sekusukile emphinjeni wakhe. Futhi u . . . uNkulunkulu akubusise. Hamba ngomgwaqo wakho manje, futhi ubonge, futhi uthokoze futhi ujabule. Futhi—futhi ube . . .

Manje, kholwa yiNkosi uJesu nje. Menze Yena, kweyakho . . . umongo womcabango wakho njengamanje, iNkosi uJesu, lapho ucabanga ngalezizinto. “Besazindla ngalezizinto, babenhliziyonye. Khumbula, “UJesu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Usenguye namhlanje.

Manje kholwa. Bukisisani ngapha, zethameli, futhi nikholwe ngenhliziyo yenu yonke. Futhi ninginake. Nibe semkhulekweni. Yibani nilokhu nikholwa nguNkulunkulu.

Manje, ngikholwa ukuthi yilelinenekazi. Yilesi isiguli na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”] Kulungile. Sondela, dadewethu. Kusobala, Lokho ngeke kukulimaze manje. Lokho ngu, Lokho nje nguBukhona baKhe, uyabo, obuzwayo. Futhi ngi . . .

Futhi, zethameli, ngi—ngingumfowenu. Ngi . . . Lena akusiyo injulamqondo. Ngikuzwile lokho kungena kuvela ezethamelini. Akusiyo. NguNkulunkulu uSomandla. Niyabo? Niyabo? Akusiyo injulamqondo. Qha, akusiyo. Manje, ningakwenzi lokho. Cabangani nje kuyiNkosi uJesu, niyabo, nganhliziyonye.

Manje, dadewethu, ngifuna nje ukukhuluma nawe nje isikhashana. Siyizihambi, ngiyethemba. Kodwa, uJesu Kristu usazi sobabili. Futhi lesi yisikhathi sokuqala ukuba sidibane emhlabeni. Kodwa Uyakwazi, futhi Ukondlile yonke impilo yakho. Futhi Uyangazi. Futhi uma mina, umfowenu, nangomusa waKhe, ngesiphiwo sikaNkulunkulu . . . Engangingahlangene nokufika kwaso. Ngenkathi ngizalwa, ngiyinganyana, into yokuqala engiyikhumbulayo ngumbono.

Manje, ngifuna ubheke ngapha isikhashana nje. Kusobala, uyagula. Futhi uphethwe yi—yisimo esiyi . . . Ngumoya omnyama okuzungezile. Ngukufa. Futhi kusesimweni somdlavuza. Futhi

umdlavuza usebeleni. Futhi u . . . Ngibona uhlolwa ngomunye umuntu onamandla. Futhi yi . . . une—nesimo sokusasibhono. Futhi okusasibhono kusezibilini. Futhi unenkathazo yesisu, futhi. Inkathazo enzima yenhliziyo ekubangela ukuquleka ko ko. Lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, wawuhlezi lutsheku eceleni kombhede, futhi wacishe waquleka, ubuka ngasefasiteleni.

Ngabe lezozinto ziyiqiniso na? [Udadewethu uthi, "Yebo, mnumzane, konke yiqiniso."—Umhl.] Konke lokho bekuqinisile. Kuhle, noma bekuyini, kusobala, sekuhambile kimi.

Kodwa ucabanga ukuthi bekuyini leyo eyazi impilo yakho na? BekunguJesu Kristu na? Ukwemukela ngokuthi kuyilokho na? [Udadewethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngiyabonga. ["Futhi ngikholwa ukuthi ngi . . . "] Uyavuma . . . Uyazi ukuthi okuthize okungesikho okwalomhlaba kulapha. ["Yebo."] Futhi uma uKukholwa ukuthi kuyiNkosi uJesu, njengoba ngikushumayele kuphuma eZwini! Futhi uKukholwa ukuthi kuyiNkosi uJesu na? ["Yebo. Ngiyakholwa."]

Ngiyazi kukhona umoya omnyama. Ngisawubona ulenga kuwe namanje. Kuyinto embi ngempela. Uthi . . . Ngiyakubona. Igama lakho uEva. [Udadewethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi igama lakho lokugcina uYork. ["Yebo."] Futhi uhlala kulelidolobha. ["Yebo. Ngihlala kulo."] Futhi inombolo yendlu yakho ngu 613 Sixth Street. ["Yebo."] Kunjalo na. [Yebo."] Uya ekhaya, ukuba uphile.

EGameni likaJesu Kristu, sengathi angahamba futhi aphiliswe.

UNkulunkulu akubusise. Hamba, ujabule futhi uthokoze ukholwe yiNkosi uJesu Kristu.

Kholwa nje. Ungangabazi. UmBhalo uthe, "Hamba ungabe usona, funa wehlelwe okubi kunalokho." Isono ukungakholwa. Isono asisikho ukuphuza, ukubhema, ukugembula; lokho yimiphumela yesono. Wenza lokho ngoba awukholwa. UJesu wathi, "Hamba ungabe usona (noma "ungabi ngongakholwa"), kungenjalo uzokwehlelwa okubi kunalokho." Kholwa nguNkulunkulu. Kholwa nguYe ngenhliziyo yakho yonke.

Ngibona ukuKhanya kulandela lowo wesifazane, futhi, nje Kuyi . . . uma kunguye lowo osanda kusuka. Kulenga ngakumuntu oyikhaladi lapho. Yebo, inenekazi lapho, eliphethwe yinyongo nokusasibhono. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyakuphilisa, nenekazi elihlezi lapho naleyonto emhlophe ezongolozele intamo yakho na? Uma ukukholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho, ungasukuma ubize ukuphulukiswa kwakho, futhi uphiliswe eGameni leNkosi uJesu. UNkulunkulu akubusise.

Kholwa nguNkulunkulu. Uyakholwa na?

Unokusasibhono, awunakho, mnumzane ohlezi khona lapho na? Akunjalo na? Ubuhlezi lapho, ukhuleka, “Nkosi, yenza ukuba lendoda ikhulume kimi.” Kunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Sukuma ngezinyawo zakho. Ukukholwa kwakho kukuphulukisile, mfowethu. Hamba uye ekhaya; uJesu Kristu uyakuphilisa.

INkosi uJesu ofanayo! Awudingi ukuba ube phezulu lapha. Udinga ukukholwa. Kholwa nguNkulunkulu nje, ngenhliziyo yakho yonke, futhi uzoba nakho okucelayo. UJesu Kristu uzokupha khona uma uzokholwa kuphela. Kodwa ufanele ube nokukholwa. Ufanele uMkholwe, ngenhliziyo yakho yonke, noNkulunkulu uzokufeza.

Isiguli. Ngiyaxolisa, mnumzane. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Manje uthe ukwethuka kancanyana ngenxa yoBukhona boBuntu baKhe emi lapha. Futhi ngikholwa ukuthi uvela ngaphandle kwedolobhana. [“Yebo, mnuzane.”] Uvela endlini yomkhandlu wesizwe, futhi. ERichmond. [“Yebo.”] EVirginia. Unomdlavuza. Ukowakho . . . ngaphakathi emlonyeni wakho, emhlathini wakho. Kunjalo na? uyafuna ukuya ekhaya uphile na? [“Yebo, ngiyathanda.”] Yemukela uJesu njengomphulukisi wakho. [“Yebo, mnumzane.”]

Futhi eGameni likaJesu Kristu, sengathi ungaphuma endodeni, usuke uhambe kuyo. Amen.

UNkulunkulu akubusise mnumzane. Hamba, ukholwa, unokukholwa, ngayo yonke . . .

Uthini na? [Akuqoshwanga—Umhl.] Sengiyazi manje, ukuthi ngokukubona, uqala ukubukeka ungumuntu osemncane, umncane kakhulu kunalokho oyikho phambi kwami. Uphethwe yikhanda elithize. [Udadewethu uthi, “Kunjalo, ukuphathwa yikhanda.”—Umhl.] Futhi sekube—sekube yiminyaka emininingi eyedlule, cishe iminyaka engamashumi amabili nanhlanu eyedlule, ukuphathwa kwakho yikhanda kwaqala. [“Kunjalo.”] Futhi selokhu lakuhlupha kusukela lapho. Ubuyikholwa elikhulu. Futhi u—ukhulekele lelihora eselimi lapha manje. Ushilo emkhulekweni, kuNkulunkulu, ukuthi uma nje ungafinyelela kimi, ukuthi uma nje ngingakhuleka, ukuthi ukuphathwa kwakho yikhanda kuzonqamuka. Lezozinto ziliqiniso na? [“Zonke.”] Yiqiniso lelo.

Manje, uzwile ukuthi Yini esho lokho. Bekungesimi; lelo bekuyiphimbo lami nje. Ngabe lokho noma ngabe bekuyini, bekuyinto . . . Ngiyakhumbula ngibona umuntu osemncane noma okuthize. Ngabe bekungayo nje indlela okushiwo ngayo lapho na? [Udadewethu uthi, “Ngayo nje indlela okusho ngayo.”—Umhl.] Yebo, ngayo nje indlela okushiwo ngayo. Manje, uyakholwa ukuthi kwenziwe nguNkulunkulu na? Uyamkholwa uNkulunkulu . . . [“Ngiyakholwa ukuthi kwenziwe

nguNkulunkulu. Ngiqinisekile ngakho."] Manje, uqinisekile ukuthi uNkulunkulu ulapha.

Kancane nje, ngibona enye into. Owesifazane osemncane ubonakala emi eceleni kwakho. Yi—yindodakazi. Futhi, yebo, ubulungiselela nje ukuthatha uhambo oluya ndawo ndawo. Ubuyoyibona. Futhi ingeyase Indiana. ERichmond, eIndiana yilapho ehlala khona. Futhi i . . . Umyeni wayo ungumfundisi. Futhi ikubhalele incwadi, okuthize, ikutshela ukuba ungezi ngoba bengiza lapha. [Udadewethu uthi, "Kunjalo."-Umhl.] Kunjalo na? ["Yebo."] Usuphulukisiwe. Usungahamba ngomgwaqo wakho, futhi uphiliswe. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Manje, kholwa kuphela. Kholwani nguNkulunkulu. "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Futhi manje kholwani nje, futhi nikholwe.

UNkulunkulu anibusise bantu abangamakhaladi athandekayo enimemezayo. U—Uhlala njalo ekulungele ukusiza, futhi ukukholwa, ukusiza abantu abadingayo.

Kancane nje. Inenekazi . . . Manje ngibona uMoya oNgcwele emi ekhoneni. Uphezu kwenenekazi eliyikhaladi. Libuka ngapha; belibuka ngapha. Futhi liyakhuleka. Linesimilela, futhi lesosimilela sisemphinjeni walo. Liphakamise isandla salo. Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho, nenekazi na?

Inenekazi elihlezi emva kwakho nje lapho, futhi. Linesimilela, futhi sisehlombe lalo. Kunjalo, nenekazi na? Nobabili sukumani nime ngezinyawo zenu, njengamanje. Amanenekazi amabili khona lapho, anesimilela e . . . Amanenekazi amabili amakhaladi. UJesu Kristu uyaniphulukisa nobabili. Ningaya ekhaya niphiliswe, kube yinkazimulo kaNkulunkulu. Ukukholwa kwenu kuniphulukisile. UNkulunkulu anibusise. Sesihambile.

Yibani nokukholwa kuNkulunkulu. Ningabi ngabangakholwayo, kodwa kholwani ukuthi konke kungenzeka kulabo okholwayo. Amen.

Wo! Ibhange elingaka pho lokukholwa endlini! Kubukeka—kubukeka kuwubisi ngempela, yonke indawo endlini. Impela niseMoyeni weNkosi manje. Kungenzeka noma yini.

Sawubona, nenekazi? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, owaKhe . . . Ngiqonde ukuthi, awu, umprofethi ngumshumayeli. Awungilindele ukuba ngibe ngowesitha; ungilindele ukuba ngibe okaNkulunkulu. Iyona-ndlela okwemukela ngayo leyo na? Kuhle, khona-ke, ngingakusiza. Ngokuba, Wangitshela, uma ngingahle ngithole abantu ukuba bangikholwe, futhi ngibeqotho uma ngikhulekile, ukuthi akukho lutho olwaluzoma phambi kwemikhuleko. Futhi, manje, akusimina engisizayo. NguNkulunkulu ophulukiswayo.

Ngabuza, ngathi, "Ngeke bangikholwe."

Wathi, "Kuyobakhona izibonakaliso ezimbili onikwa zona, njengoba kwakunjalo kumprofethi uMose. Kulokhu, abantu bayokholwa." Futhi esinye sazo, kwakungukwembula izimfihlo zezinhliziyo zabantu, kubo.

Manje, awuzizele lapha ngesingawe. Nakuba, unokwethuka nokwehla, kodwa kubangelwe yisifo salomntwana. Lomntwana lapha uyagula. Bakwenqabile odokotela, ngoba sekuzofa. Yisifo esibonakala ngezinhlayiya ezimhlophe egazini. [Udadewethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Akunjalo na? ["Kunjalo."] Ufike nomntwana ephuma edolobhaneni. Uhambe, usuka entshonalanga, uza empumalanga, waze wafika. Uvela e—ezweni elinezintaba. YiPennsylvania. ["Kunjalo."] Futhi idolobha lakini, ngikholwa ukuthi, yiChambersburg. ["Yebo."] A—akunjalo na? ["Kunjalo."] Mlethe kimi umntwana.

Dadewethu omncane, othandekayo; iNkosi uJesu ibilapha, Ibizobeka izandla phezu kwakho, nokufa kusuke kuwe, futhi ubuzophila. Uyakholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

Manjeke, esikhundleni saKhe, ngibeka izandla zami phezu kwalomntwana futhi ngiyakubusisa, futhi ngicela ukuthi idemoni lisuke kumntwana, nalokhokuphila kuze kumntwana futhi kuzophila futhi kuphile. Phuma kumntwana, Sathane. Ngegunya leBhayibheli likaNkulunkulu, nesiphiwo sikaNkulunkulu sikhonzwa yiNgelosi, ngiyakuyala ukuba usuke kumntwana. Phuma kukho. Amen.

Uyakholwa ukuthi uzophila manje, awukholwa. UNkulunkulu akubusise. Phenduka uvayize ezethamelini. Manje. UNkulunkulu akubusise. Intombazanyana, kunokukholwa okumangalisayo, phila. UNkulunkulu akubusise, s'thandwa. Hamba, futhi ubongibhalela incwadi.

[Akuqoshwanga—Umhl.]

Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udadewethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu useduze, noMoya waKhe, nalokhu manje okwenziwayo ukuthi kungokweNkosi uJesu na? ["Yebo."] Akusimi, ngingumuntu. Yebo. Uma uNkulunkulu ezongazisa ukuthi yini engalungile kuwe, njengesiqinisekiso sokuthi ngingumprofethi waKhe ngimi lapha ngembula iQiniso!

Njengoba Athi kowesifazane, "Hamba ubize indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Ubunayisihlanu."

Wathi, "Ngiyabona ukuthi ungumprofethi." Niyabo? "Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena."

Manje, lowoMoya ofanayo owawuseNdodaneni kaNkulunkulu, Wethembisa ukuba abuye aWuthumele esimweni

sikaMoya oNgcwele, owawuzoba nathi futhi uhlale nathi, kuze kube sekupheleni kwezwe. Uyakukholwa na? [Udadewethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi Angazazi izinkathazo zakho, Angeke azazi na? ["Yebo."] Unokuhlushwa yinhliziyo. ["Yebo."] Kunjalo na?

Wonke umuntu onokuhlushwa yinhliziyo, sukuma ume ngezinyawo zakho. Ungaphulukiswa khona manje, akunandaba ukuthi kuyini, onokuhlushwa yinhliziyo.

Nkosi Nkulunkulu, Wena uyakwazi ukuqina kwethu nokuthi sintekenteke kangakanani, nokuthi sibuthakathaka kangakanani. Futhi, kodwa, Nkosi, siyazi ukuthi Wena uqine kangakanani. Futhi ukuhlushwa yinhliziyo kuyinto odokotela bethu abangeke benze lutho ngakho. Kodwa, Nkosi, Ubani owenza inhliziyo na? Yenziwa nguWe. Futhi manje ngithethisa lamandla edemoni abambe lababantu abahlushwa yinhliziyo. Aliphume kubo bonke, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngisafuna ukusho okuthize nje kuwe. Uzizwa usunomehluko manje kunanjengoba kade uzizwa isikhathi eside, uyazizwa? [Udadewethu uthi, "Yebo, kunjalo."] Manje, ukuze abantu bazi, kukhona umoya omnyama ngempela; kade ugula kabi, futhi ulele phansi, lokho. ["Kunjalo."] Futhi manje sekuhambile kuwe. ["Yebo."] Usuphulukisiwe. Vele uhambe nje mnumzane usuyaphila. ["Ngiyabonga Nkosi."]

Kholwani nguNkulunkulu, ngiyacela. Nonke, nganhliziyonye, kholwani.

Sawubona, mnumzane? Kulungile. Thina siyizihambi, komunye nomunye, kodwa iNkosi uJesu iyasazi sobabili. Kunjalo na? UNkulunkulu eZulwini, Owadala amazulu nomhlaba, wahlala kuJesu Kristu, wethembisa ukubuya abe kithi futhi, nokuthi Akwenzayo sasizokwenza nathi. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na?

Isizathu sokuba ngisho lokho, iNgelosi yeNkosi yangitshela, "Thola abantu ukuba bakukholwe. Futhi uma bengayikukukholwa, khona-ke uyokwazi zona impela izimfihlo zenhliziyo yabo, futhi bayofanele bakukholwe-ke."

Kodwa, uyangikholwa. Nangaphandle kwalokho, isizathu sokuthi uyangikholwa, ungumfundisi weVangeli qobolwakho. Futhi ulapha ngenxa yesizathu esihle. Awuguli. Kukhona okudingayo, futhi ufuna ukuba imvuselelo yemfashini endala iqhume emphakathini wakini. Yilokho okukhulekelayo.

Sonke siyakufuna lokho. Asisukume sonke, sifune imvuselelo eyimfashini endala.

Nkulunkulu uSomandla, owadala amazulu nomhlaba, ngiyacela manje ukuthi onke amandla amademoni akulendlu

ephulwe, aMandla kaJesu Kristu abonakaliswe. Nkosi! Sibuthakathaka, kodwa asehluliwe.

Sathane, ngiyakufungisa, eGameni leNkosi uJesu Kristu, phuma kubantu!

Sukumani, nina bantu abayizishosha, niphume ezihlalweni ezinamasondo. Mdumiseni, nonke!

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org